Isakazwa mahhlala entshonalanga yeTheku ukuze kube nokusondelana kanye kwezamabhizinisi eduzenomphakathi. ngabe Inyatheliswa-Hammarsdale Cato Ridge Development Association NPC 2020/674596/08

Hammarsdale Cato Ridge

# Sebenza

Hammarsdale Cato Ridge Development Association

Ekwindla 2024

**Eminyakeni embalwa edlule kuningi esingaziqhenya ngako kulesi sifunda.** Kulula ukulukhohlwa lolu shintsho oluhamba kancane kodwa oluqhubekayo. Uma sibheka emuva, kube notshalomali oluningi, intuthuko kanye namathuba emisebenzi kulendawo. Ezinye izibonelo zalolu shintsho zibonisiwe ngezansi. I-HCRDA kanye namalungu ayo banethemba ngekusasa lalesi sifunda futhi sithemba ukuthi nabafundi be-Sebenza nabo bazizwa ngendlela efanayo.

## Milestones

### Cato Ridge

**2010 - Kusungulwa** umshini wokugaya okunanyatheliswa phezu kwensimbi ngosizo lotshalomali lwaseKenya, kuqashwe abantu abangaphezu kuka-250

**2012 - Kusungulwa** umshini wokugaya ukolweni, kuqashwa abantu abangu 40

**2013 - Kusungulwa** imboni kapulasitiki ngotshalomali lwaseNdiya,kuqashwa abantu abangaphezu kuka-250

**2019 - Kusungulwa** indawo yokushisa izidumbu

**2021** - Kuphethwa umsebenzi wokwakhiwa amagumbi angu 17endaweni yezimboni engamahektha angu-5

**2020** - Kusungulwa isibhedlela esizimele esinemibhede engu-54

**2021** - Kuphinde kuvulwa indawo yokuhlinza izinkukhu nendawo yokuthuthwa kwezinto ngemva kokulimala okukhulu ,eqhubeka nokuqasha abangaphezu kuka-1300 nabangu-100 ngokulandelana

**2021** - I-Depot yama-Container iyasungulwa, okuhloselwe ukukhangisa ngendawo njengefanelekela amabhizinisi

**2021** - Indawo yokugaya kabusha izinto iyasungulwa

**2022** - Inkampani kajantshi iyazimela, okuhloselwe ukukhangisa ngendawo njengefanelekela amabhizinisi

**2021-2023** - Indawo yamaloli yokupaka iyasungulwa

**2022** - Indawo yemfucuza yezokwelapha iyasungulwa

**2023** - Imvume yendawo ezungezile iyatholwa ukuze kwakhiwe indawo encane yezimboni, izindawo zokugcina izimpahla, kanye nezokuthutha e-Cato Ridge ebheke amahektha angu-144 (noma amakhilomitha angu-3,44 ubude nelilodwa ububanzi). Kuhlelwa izigaba ezintathu eminyakeni engu-25

**Izindawo zokuhlala eHammarsdale nase Cato Ridge zigcwele ngamaphesenti angaphezu kuka-95.**

### Ukuya phambili, lolutshalomali oluhle luzoqhubeka nalokhu:

**2024** - Ukukhiqizwa kwezinto zokwakha

**2024** - Imboni yezinto zokuphatha amanzi nokunye okuphuzwayo

**2024** - Inkampani yokuthutha impahla

**2024** - Ukuthuthukiswa kwendawo yokugcina okubandayo

**2024 kuye phambili** - ukuthuthukiswa kwezindawo zokugcina impahla ukuze kwakheke indawo indawo yenqubo yokuthutha izinto

**2024 onwards** - Ukuthuthukiswa kwendlela yokulahlwa kwendle

**2024-2026** - Ukulungisa kwemigwaqo osekuyisikhathi eside kulindelwe ngosonkontileka bomgwaqo omkhulu u-N3

**2024-2030** - Ukuthuthukiswa komgwaqo omkhulu u-N3 kusukela e-Hammarsdale Interchange ukuya e-Key Ridge

**2025-2031** - Ukuthuthukiswa komgwaqo omkhulu u-N3 kusukela e-Hammarsdale Interchange ukuya e-Cato Ridge

### 2015 - Kuqalwa umsebenzi wokulungisa indawo yezimboni zokukhiqiza nezokuthutha engamahektha angu-150, manje eseduze nokuphela

2016 - Kuqaliswa isikhungo sokuthutha izinto, **kuqashwa abantu abangu-700**

2017 - Imboni yokukhiqiza iyasungulwa, **kuqashwa cishe abantu abangu-200**

2018 - Kuqaliswa isikhungo sokuthutha izinto, **kuqashwa abantu abangu-250**

2019 - Imboni yokukhiqiza iyasungulwa, **kuqashwa abantu abangu-260**

2019 - Imboni yokukhiqiza iyasungulwa, **kuqashwa abangaphezu kuka-900**

2022 - Imboni yokukhiqiza iyasungulwa, **kuqashwa abangaphezu kuka-200**

2022 - Indawo yokugcina okubandayo iyasungulwa**, kuqashwa abangu-99**

2023 - Kuqaliswa isikhungo sokuthutha izinto, **kuqashwa abangaphezu kuka-500**

### Kunamanye amabhizinisi aqalisiwe e-Hammarsdale nase-Cato Ridge kuleminyaka yamuva ahlanganisa:

- Awokukhiqiza ukudla; kuqashwe abantu abangaphezu kuka-20
- Awokukhiqiza upulasitiki; **kuqashwe abantu abangaphezu kuka-20**
- Awokukhiqiza upulasitiki; **kuqashwe abantu abangaphezu kuka-20**
- Awokukhiqiza izimpahla; **kuqashwe abantu abangaphezu kuka-200**
- Awokukhiqiza izimpahla; **kuqashwe abantu abangaphezu kuka-300**
- Awokukhiqizwa kwamapayipi amanzi; **kuqashwe abantu abangu-80**
- Awokusakazwa kwamapayipi; **kuqashwe abantu abangaphezu kuk-50**
- Awokukhiqizwa kwendwangu; **kuqashwe abantu abangu-20**
- Awokusakazwa kwezinto zokupakisha; **kuqashwe abantu abangu-20**
- Awokukhiqizwa kwizinto zokupakisha; **kuqashwe abantu abangu-35**

**kanye namanye abe-HCRDA abangawazi.**

### Hammarsdale

**2013** - Kuvulwa inxanxathela yezitolo engamamitha skwele angu-20 000

**2019** - Ukuthuthukiswa kwe-Hammarsdale Interchange kuyaqedwa

**2019** - Indawo yezimboni engamahektha angu-40 iqalisa ukusebenza, **eqasha abantu abangaphezu kuka-200**

**2023** - Indawo yokuhlinza izinkukhu iphinde isebenza ngokugcwele, iqasha abantu abangu-1600 futhi kwatshalwa nemali kubahlinzeki abasha abangu-78

**2023** - Ukuthuthukiswa kwe-Hammarsdale New Town

**2023** - Kufika ibhizinisi lokuthuthwa kwemishini

**2023** - Kufika umshini wokukhiqiza amapayipi

**2023** - Kufika indawo yokugcina izimpahla

**2023** - Kuqaliswa ukulungisa indawo engamahektha angu-20 yempahla

**I-Hammarsdale Cato Ridge Development Association (HCRDA) iyingxenye ye-NPC ehlanganisa izinkampani ezingu 70 eziye zahlangana ngonyaka ka-2021 ukuze zisekele intuthuko,ukwakhiwa kwamathuba emisebenzi kanye nezinguquko ukuze lendawo engasentshonalanga ibe yindawo engcono yotshalomali, intuthuko neyokusebenzela. Ihlose ukusebenzanabasebenzi, umphakathi, ababambisene nohulumeni kanye nabanye ababamba iqhaza ukuze kubhekanwe nezinselele ezivamile, ukwakha isimo esizinzile okuzogcina futhi kukhuliseamabhizinisi akhona, kukhange izinkampani ezengeziwe kulendawo futhi kwakhe namathuba emisebenzi. Emizamweni yokugcina umphakathi ujwayelene nezinguquko zakamuva zendawo,i-Hammarsdale Cato Ridge Sebenza izonyatheliswa njalo futhi isakazwe kabanzi. Izotholaka futhi ku-intanethi ku- www. hcrda.org/sebenza. Thumela izindaba noma iminikelo ku-info@hcrda.org.**

Kufanele kuqashelwe nezinselele eziningi zokuqhuba ibhizinisi kulendawo engasentshonalanga noma kuyo iNingizimu Afrika nje. Lezi ngokuvamile yizinselele okufanele kube uhulumeni obhekana nazo futhi kaningi ezibangelwa nguyena uhulumeni. I-HCRDA isalokhu izimisele ukusebenzisana nohulumeni ukuze zilungiswe.

**I-HCRDA iyaqiniseka ukuthi ngobuholi obuzibophezele, lezi zinselele zingalungiseka ngokushesha futhi nezimpilo zabo bonke abantu baseNingizimu Afrika ziyothuthukiswe kakhulu.**

# Endaweni: Okubaluleke kakhulu




- **Ukuphepha kwabasebenzi**
  Mayelana nobugebengu, ukungazinzi kwezepolitiki, udlame nezibhelu, iningizimu Afrika ibalelwa kunombolo 144 emazweni angu-163 ahloliwe*. I-SAPS intula abasebenzi, amathuluzi kanye nezimoto ukuze isigcine siphephile
  * I-The Institute of Economics and Peace's 2023 safety and security index
- **Imigwaqo ephephile**
  Nakuba imigwaqo emikhulu esendaweni ngokuvamile isesimeni esihle, imigwaqo enakekelwa isifundazwe nomasipala kulesi sifunda yona igcwele imigodi, ayipendiwe futhi igugile, okwenza ibe yingozi kubo bonke abayisebenzisayo futhi ibangele nomonakalo kwizimoto
- **Ukuhlinzekwa ngogesi okuqhubekayo**
  Ukunqamuka kukagesi kwenzeke izinsuku ezingu 332 ngonyaka ka-2023 okuyizinga eliphezulu kakhulu ukudlula eminye iminyaka. Uhulumeni ucabangela ukuthi ukunqamuka kukagesi kuzoqhubeka kuze kube unyaka ka-2030. Lokhu ngokuvamile kukhinyabeza kokubili amabhizinisi nabantu
- **Ukuhlinzekwa ngamanzi okuqhubekayo**
  Ukunqamuka kwamanzi okuthatha isikhathi eside kubanga izindleko ezinkulu kwezamabhizinisi. Ingxenye yamanzi ahlanziwe isibhekwa njengamanzi angakhokhelwa futhi amaningi awo alahleka ngenxa yokuvuza

## Endaweni: Okunye okubalulekile



- **Ukugunyazwa kwezentuthuko**
  Amabhizinisi afisa ukumiswa ngokomthetho ngokuvamile alinda isikhathi eside kuyilapho uhulumeni engazinaki izinguquko zomgunyathi, okulimaza amathuba otshalomali
- **Ukusungulwa kabusha kwesiteshi sesicisha mlilo e-Hammarsdale**
  Usizo olungatholakali ngokushesha olusuka e-Cato Ridge lubanga ubungozi obukhulu kokubili kwezamabhizinisi kanye nezakhamuzi
- **Ukuqoqwa kwemfucuza okuthuthukisiwe**
  Ukungcola, Ukulahlwa kwemfucuza okungekho emthethweni nokungaqoqwa njalo kwemfucuza esifundeni kubangela ubungozi empilweni nasendaweni ezungezile
- **Imiphumela engcono yentengo kaMasipala ekhokhelwayo**
  Umasipala waseThekwini ngokuvamile unentengo ephakeme kakhulu ukwedlula bonke omasipala abakhulu ezweni lonke. Izinga lezinkonzo elitholwayo ngokuvamile liphansi kakhulu. Ezinye izibonelo zifakiwe lapha

## Okunye okubalulekile ezicini ezivamile zomphakathi kuhlanganisa:



- **Imiphumela engcono kwezemfundo**
  INingizimu Afrika isezingeni eliphansi kakhulu kwezemfundo emhlabeni wonke futhi yingxenye kuphela yabafundi bebanga lokuqala abayophothula kumatikuletsheni
- **Ukusebenza kangcono kwamachweba**
  Amachweba aseNingizimu Afrika angamanye wamachweba angenzi kahle emhlabeni, okwenezela ezindlekweni kwezamabhizinisi nakubathengi
- **Ukusebenza kangcono kwezitimela**
  Izitimela zaseNingizimu Afrika zingezinye zezinhlobo zokuthutha ezingenzi kahle emhlabeni, okwenezela ezindlekweni kwezamabhizinisi nakubathengi

**Lezi akuzona izinkinga zepolitiki noma zezinqubomgomo kodwa ngokusobala yizinkinga esikholelwa wukuthi bonke abantu baseNingizimu Afrika bayavuma ukuthi ziyasivimba.**

Kunezinye zezinkinga zepolitiki noma zezinqubomgomo eziningi okungaphikiswana ngazo njengentela; inkokhiso; ukushintsha nentengo yezezimali; ezomnotho; ukuthuthukiswa kwabantu; ukusebenzelana namanye amazwe; ezempilo; umnyango wezifiki; ukuthuthukiswa kwezezimboni; inqubomgomo yabasebenzi neyenhlalakahle. I-HCRDA ayikathathi hlangothi kulesi zindaba.

**Ukuvota kubalulekile. Ukuvota yizwi lakho. Qikelela ukuba uyavota. Ungakwazi ukuletha ushintsho kuphela uma uvota.**

## Vota ngomhla ka-29 May 2024